OKUSHA KUKA NEIL KEENAN | Ushintsho Luyaqala : Igxathu Elinesimo Sobungcweti, I Computer Yokwelapha Izimele yodwa

http://neilkeenan.com/neil-keenan-update-the-revolution-begins-quantum-experts-state-the-healing-computer-stands-in-a-class-of-its-own

FEBRUARY 16, 2017

FacebookTwitterGoogle+Share

Izingcweti zichaza kabanzi ngezikubonile ngobungweti bama ‘Computer Alaphayo’

https://youtu.be/BGLGzRXY5Bw

Ngiyanibingelela nonke! Sekudlule isikhathi esingaphezulu kwenyanga ngagcina ukubhala okusha futhi abaningi benu abangangazi bangacabanga ukuthi ngiwe esiweni, angisakwazi ukuthola indlela ebuyayo.

Empeleni akunjalo, futhi kule video uzothola ukuthi bengisebenza ngokukhuthala ukuphuca amaglobalist noma yini nakhokonke abanakho kusuka kulokhu enikubiza ngama Collateral Accounts.

Okwesibili, sizovala imboni yabo yezemithi “namakhemisi amakhulu”. Sizobahlakaza kancane kancane baze baphele nya. Lena iyona ipulani futhi sesiseduze kakhulu ukuyisebenzisa.

Lombhalo uzokhuluma ngemishini yokwelapha hhayi ngokusha kwezinye izinto (lokho kuyeza ngokushesha).

Akumina engizokhuluma, kodwa abantu abayisimanga njengawe yibona abazokhuluma.

Bazokutshela konke abadlule kuko nokuthi bacabangani ngalobungcweti obumangalisayo. Minanje ngedwa ngihlale ngimangala yizinto lomshini okwazi ukuzenza.

Njengamanje ngifisa ukunika ithuba abangani bami abafike lapha ngamabhanoyi ukuzosebenza nalemishini bayijwayele, besebegoduka nayo ukuze banisize nilapheke.

Nonke nginifisela okuhle futhi ngithandazela ukuthi nonke nithole usizo eniludingayo ukuze nibe nempilo.

Manje nankoke amantombazane futhi ayamangalisa...

Neil

“Siyabonga ku Neil ukusixhasa nokusethemba ekuletheni lobungcweti e Southern California nase Michigan.

Selokhu siqalile ukuba se Europe no Neil no Najib sifunda ngalobungcweti bale computer elaphayo, nokusebenza kwayo futhi sithole ukwelashwa zonke izinsuku, sizibonele thina amandla lento exhasa ngawo ukuphilisa emzimbeni yethu.

U Angela walimala kanzima emhlane lokho kwamshiya nezinhlungu ezingapheli emhlane, ikakhulukazi uma esukuma ekuseni, emva kokungena okokuqala kulomshini izinhlungu zaphela.

Umshini uphinde wabheka zonke izibangazifo ezisemzimbeni (fungus, yeast and moulds). Lezi zithathwa njengesisusa sazozonke izifo nokugula.

Ngokungena okokuqala kulomshini amandla alezizibanga zifo ancipha kakhulu futhi kulindeleke ukuthi aphele nya ekungeneni okumbalwa okuzayo.

Okumangalisa kakhulu ngokubona ngamehlo umphumela kucomputer amandla omzimba wakho ukuthi kwenza ubenesifiso sokushintsha indlela ophila ngayo.

Kwenza UFUNE ukuzinakekela uma ubona imiphumela, hhayi nje kuphela kwezinto ozenza ngokwenyama, kodwa nangokomphefumulo, emzimbeni wakho.

Emva kweminyaka yempilo “ephelele” nokufundela ubudokotela phakathi kwethu sonke, siyavuma ukuthi le iyona yona ndlela esebenzayo ukuze uzibonele wena amandla omzimba wakho ukuzelapha.

Uyozibonela ube UFAKAZI WAMEHLO WOKUBAMBA IQHAZA kwakho ekuphileni kusukela ekutholeni izigulo kuya ekulapheni.

Mhlawumbe into emangazayo esihlangabezene nayo kwaba ngumphumela wokuzibonela amandla engqondo ekuphiliseni imizimba yethu.

Sonke sikwazile ukungena esimweni esilula sokuzindla (meditation) imizuzu emithathu senza ngcono isimo sempilo yemizimba yethu ngokuphindaphindiwe ngaphambi kokuthola ukwelashwa.

Isithombe siyafakaza. Lokhu kusinike umfutho wokuqala sishintshe indlela esicabanga ngayo ngesimo sezinto. Lokhu kujule kakhulu. Kuyajabulisa, futhi kudinga ushintsho olukhulu lwendlela esicabanga ngayo endleleni esithatha ngayo impilo nezinto njengoba sijwayele. Isikhathi esisha, isikhathi segxathu elisha lezempilo. WEMUKELEKILE ENDLELENI ENTSHA!!!

U Nancy emva kokuba sebhanoyini amahora awu 11 waphinda wangalala amahora awu 48, wazizwa engakhathele emva kokungena okokuqala emshinini. Isigulo sakhe esikhulu kwakungukufa kokuwa okusuka ekulimaleni ekhanda eseneminyaka ewu 22.

Manje useneminyaka engu 69, emva kokungena kwakhe okokuqala emshinini, umsindo ocasulayo osedolweni lakhe langakwesokunxele waphela. Uzositshela okusha ngokulimala kwakhe ekhanda emva kokusebenza nomshini isikhashana abuye angene emshinini i MRI ukubona ukuthi lukhona yini ushintsho.

Kuyofuneka kubonwe izithombe zangaphambili nezangemuva futhi, sinethemba uyobe esenciphisa imithi ayidlayo. Kunezindlela ezilandelwayo i computer engazilandela ukwenza isimo sanoma yini ebambekayo njengemithi- ihambise isimo sawo umuthi emzimbeni (hhayi wona uqobo)

Umzimba ngokunjalo uyobe sewuthola ukusizakala okulethwa yilowo muthi ngaphandle kokuwuphuza. Asikakuboni ngamehlo lokho okwamanje kodwa sizozama indlela yokushintsha imithi ibe yilesosimo ukuze sehlise noma siqede izigulo ezidalwa yimithi (after effects).

Kuyamangalisa ukucabanga izindlela ezingayiwa zalobu buchwepheshe. Kunika ukuphumula ukwazi ukuthi kunempendulo elula nefukamelanayo yokuhlupheka kwethu (emzimbeni nasemphefumulweni).

Akukholakali ukuzibonela lokhu ngokwakho.

Ayikho into engakulahlekela, kuphela kukhona izinto ezimangalisayo ongazithola. Uma uzizwa uheheka kulokhu njengento ongayizama ukuze usizakale, sikhona. Iningi linamandla, ubuningi bethu buzokwenza lobubuchwepheshe bubekhona emhlabeni jikelele.

Sizohlala sixoxa nawe ngo Neil owumxhumanisi, uma sesilungele ukuvula ama clinic ethu okuqala e United States"

Siza uthumele igama lesifiso sakho sokwelashwa kuphela ku:
contact@neilkeenan.com

Video One: 'Healing Computer' technology update from February 15

https://youtu.be/X4OO0D1qnl4

Video Two: Two updates recorded in early February

https://youtu.be/ETEw2kkNJRc

Copyright © 2017, GROUP K, Ltd.

FacebookTwitterGoogle+Share

GROUP K LTD, PANAMA CITY
AUDACIBUS ANNUE COEPTIS

LOCATIONS: AUSTRALASIA, BULGARIA, DOMINICAN REPUBLIC, GERMANY, INDONESIA, JAPAN, PERU SINGAPORE, SWITZERLAND, THAILAND.